Izindaba zomphakathi

# KANYENATHI

uDecember, 2015
Ethekwini

**Abahwebi abangu 1052 okwenziwe kubona ucwaningo**
Yizwa ukuthi batheni.

**Izidingo Ezimqoka** zabahwebi ngezigceme abasebenzela kuzona.

**Nawe zibandakanye nathi**
Letha Imibono.

## KANYENATHI

### UKWETHULWA KWE KANYENATHI PROJEKTHI:

iKanyenathi projekti izimisele ngokusebenzisana nabasebenzi abazimele kulezimakethe ezintathu ezilandelayo, 1) CBD (enkabeni yeDolobha), 2) Warwick Junction, 3) Malandela/Bester ukuze bakwazi ukuqonda futhi babambe iqhaza emihlanganweni lapho kukhulunyiswa ngenthuthuko.

### IZOTHATHA ISIKHATHI ESINGAKANANI?

iKanyenathi projekti izothatha iminyaka emithathu kusukela ku Julayi 2014 kuya ku Juni 2017

### ABAHWEBI ABANGU 1052 OKWENZIWE KUBONA UCWANINGO

KWABESTER: 50
EWARWICK: 491
ECBD: 511




### YINI EZOKWENZIWA IKANYENATHI PROJEKTHI?

Ngokusizwa uAsiye eTafuleni uzokwethula lezizinhlelo ezinhlanu:

1. Ucwaningo: abahwebi bohlonza izingqinamba nezidingo ngenqalasizinda ezindaweni abasebenzela kuzo, emva kwalokho kuhlonzwe iKomidi eliyoqeqeshwa ukubhekelela izidingo zentuthuko, liziihlele ngokubaluleka kwazo.

2. Liyoqeqeshwa ukuthola ulwazi lokwenza izethulo kubaphathi boMkhandlu nakwi Komidi elibhekele intuthuko.

3. Izakhiwo eziyohlonzwa njengezidinga ukwenziwa ngcono kuyohlelwa imihlangano lapho ziyokwethulwa kuMkhandlu.

4. Ulwazi oluyotholakala kulolocwaningo luyolekelela ukucobelela abanye abahwebi ukuze bakwazi ukusebenzisa ukulwela amalungelelo abo. Lolulwazi luyoshicilelwa amabhukwaneni lusatshalaliswe nangama sms.

4. Leprojekthi izothuthukisa iMarkets of Warwick ngokuqeqesha amaTour Guides amasha, nokuheha izivakashi, abantwana besikole nabasemaNyuvesithi kanye nezifundiswa ukuze baqonde kangcono ngalemboni yabahwebi.

### UKUBAMBISANA NABAHWEBI

uAsiye eTafuleni ubonisane nabaholi bezakhiwo ezihlukene phakathi kwezindawo ezintathu ezibaliwe ukuze kutholakale imibono yomphakathi ukuze ifakuse kumklamo. Ucwaningo lwenziwe ezindaweni ezintathu, lwenziwa abahwebi abathole imbono 1) ngamaphepha anemibuzo ehleliwe, 2) ukuthathwa kwezithombe nezilinganiso sezindawo zokusebenzela zabahwebi.

Izithombe: 1) umhlangano wabahwebi noAsiye Etafuleni, 2+3) ucwaningo ezindaweni zokusebenza zabahwebi







**"Bekuyisimanga ukubona ukusebenzisana okuhle kangaka phakathi kwabahwebi nochwepheshe. Abahwebi ababuzwe imibuzo yocwaningo bakuthokozele kakhulu. Bayabona ukuthi ucwaningo lolu luyadingeka, nokuthi lusihlanganisile."**
_Patrick Mahlangu.

**"Thina, njengabahwebi sidinga ukusebenzisana ngokubambisana ukuze sikwazi ukubona izinkinga esibhekene nazo. Lomzekelo utshengisa ukuthi kungenzeka."**
_Xolani Dlamini

uAsiye eTafuleni ukuthokozele ukubona ikhono labahwebi njenga bacwaningi nabamele umphakathi ekubambaniseni kuleprojekthi.

Isithombe: 1) imphumela yocwaningo




### UZOSIZA NGANI UKANYENATHI?

Unamathuba amahlanu ongasiza ngawo:

1. Abahwebi bayosizakala ngokuqonda nokubamba iqhaza uma kuhlelwa intuthuko

2. Abahwebi bayoba namathuba angcono nezindawo eziphephile zokusebenzela.

3. Abahwebi bayokwazi ukulwela amalungelo abo ngempumelelo

4. Abaholi babahwebi bayoqeqeshwa ukuze bamele kangcono ozakwabo futhi baqikelele ukuthi iziphathimandla ziyawenza umsebenzi wazo.

5. Ukuqwashiswa nokufundiswa komphakathi ngokubaluleka kweqhaza lomnotho osafufusa, kwandise izinga labathengi, kufundise nabathatha zinqumo ezibhekelelwe njengamanje.

Ucwaningo lokuqala olunjengalolu olifinyelele kubahwebi abangango 1052.

### OKUYOLETHA USHINTSHO

Abahwebi bohlonza izingqinamba nezidingo ngezinqalasizinda ezindaweni abasebenzela kuzo,

Umphumela walokhu, ukucobelelana ngolwazi kwabahwebi nabanye abahwebi ezindaweni ezihlukene.

Ucwaningo lusize ucucacisa ngokusobala izidingonqangi nezinsiza ezidingeka ezindaweni zokusebenza

### UMHLANGANO

Ngomhlaka 09 December 2015 kubanjwe umhlangano, nabaholi babahwebi, kwaxoxwa ngemiphumela yocwaningo, baqinisekisa ukuthi "ngempela izona izidingo ngokubaluleka kwazo ezivezwe ucwaningo."



Isithombe: 1) Umhlangano weAsiye eTafuleni nabahwebi, kuxoxwa ngemiphumela yocwaningo.

**NGINGAZIBANDAKANYA KANJANI:**
Thinta:
Patrick Ndlovu: 082 921 7034
or 031 309 3880 eAsiye eTafuleni.

**NAWE ZWAKALA**
Nawe ungathumela umbono wakho ngesms.

Izindaba zomphakathi zikhishwe uAsiye eTafuleni

asiye etafuleni